"Ngase ngizwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi, lithi: 'Bheka, itabernakele likaNkulunkulu likubantu, uyakuhlala nabo, babe ngabantu bakhe. Yena uNkulunkulu abe nabo, azesule izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba khona, nokudabuka, nokukhala. Nobuhlungu akusayikuba khona, ngokuba okokuqala kudlulile'"

(Isambulo 21:3, 4)





Impi enkulu, ukuhlubuka kukaSathane embusweni kaNkulunkulu, isiya ngasemaphethelweni.

Asishiywanga singazi ukuthi impi iyophela kanjani: UNkulunkulu uyaphumelela, uSathane uyahluleka.

Ngisho nangezindlela impi yokugcina eyokwenzeka ngayo ichazisiswe kahle eBhayibhelini.





- Isikhathi senhlupheko nenkululeko.
- Isikhathi sovalo nenjabulo.
- Isikhathi sencithakalo nokwahlulela.
- Isikhathi sokuphila nokufa.
- Isikhathi sokuthanda nokuthandwa.

# ISIKHATHI SENHLUPHEKO NENKULULO

"Maye! Lukhulu lolo suku, alukho olunjengalo: kuyisikhathi sokuhlupheka kukaJakobe, kepha uyakusindiswa kukho"(Jeremiya 30:7)

"Siphila esikhathini sokugcina. Izimpawu zesikhathi ezigcwaliseka ngokushesha zibika ukuthi ukubuya kukaKristu sekuseduze. Izinsuku esiphila kuzo zingezibaluleke kakhulu."

**Isamb. 22:11**



Ukwahlulela kuyaphela futhi wonke amacala asenqunyiwe. Umnyango womusa uyavalwa.

**Is. 8:21-22; Jer. 30:7**



Isikhathi senhlupheko. Ababi bazenzela abakuthandayo, nabangcwele abazi noma sebexolelwe.

**Isamb 15:7-8; IHubo 27:5**



Izishayo eziyi 7 zokugcina zehlela abangaphendukiyo. Abantu bakaNkulunkulu bayalondwa bavikelwe.

**Isamb 16:14; 1Jn. 3:2-3**



Yilelo nalelo qembu lilungela ukuhlangana noJesu. Abanye ukulwa naye; abanye ukumamukela ngenjabulo.

Lapho uJesu ephetha umsebenzi wokusinxusela noMoya oNgcwele usuka kwabangaphendukiyo, bonke bayothola umvuzo wabo. Abathembekile bayoqhubeka nokuvikelwa nguNkulunkulu, lapho ababi bayoba semandleni kaSathane. Yilowo nalowo uyobonakalisa ngesimilo sakhe ukuthi unqume ukukhonza ubani.

# ISIKHATHI SOVALO KANYE NESENJABULO

"Base bethi ezintabeni nasemaweni, Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi nasolakeni lweWundlu" (Isambulo 6:16)

Benqabe umthetho kaNkulunkulu; benqabe amanzi okuphila bazembela bona "imithombo evuzayo" ( Jer. 2:13).

Manje sebebhekene ubuso nobuso noMahluleli. Bayobhekana kuphela nolaka nokulahlwa. Ngubani oyobakhulula? (Isa. 2:19; Isamb 6:16).



"Kuyakuthiwa ngalolo suku, Bheka, lo unguNkulunkulu wethu; simhlalele, uyakusisindisa: lo unguJehova; simhlalele, siyakujabula, sithokoze ngensindiso yakhe" (Isaya 25:9)



Ababethembekile emthethweni kaNkulunkulu; baphuzile amanzi okuphila (Isamb 21:6). Manje sebebhekene ubuso nobuso noMahluleli. Bangalindela kuphela insindiso. Bangahlala kanjani bengamdumisi ngenhlokomo? (Isa. 25:9; Isamb 15:3-4).

USathane uyithukuthele lele insali

Wenza bonke bamkhonze bathobele nemithetho yakhe (Isamb. 13:15-17)

Ulungisela umhlaba ukuba alwe neWundlu (Isamb. 17:12-14)

UJesu ubhubhisa zonke izitha zakhe ekubuyeni kwakhe (Isamb. 19:11-15)

Insali ihlala ithembekile emthethweni kaNkulunkulu (Isamb. 14:12)

Ilungela ukuhlangabeza uNkulunkulu wayo (Amos 4:12)

UJesu uthatha labo abakholwa kuye Isamb. 19:6-8)

# ISIKHATHI SENCITHAKALO

"Umhlaba uyakuba yize leze, uphangwe nokuphangwa: ngokuba uJehova ukhulumile izwi lakhe" (Isaya 24:3)



Lapho uJesu ebuya, abangcwele beminyaka yonke bayovuswa; nabaphilayo abathembekile, baguqulwe, bayonyukela ezulwini noJesu (1Thes. 4:16-17).

Ababi bayobhujiswa ebukhoneni bukaJesu. Izidumbu zabo ziyosala zingangcwatshwanga, ekugcineni, akusayi kuba nampilo emhlabeni (Jer. 25:33; Isamb 19:17-21;
Jer. 4:23-26; Is. 24:3).




Ngaleso sikhathi, uSathane kanye nezingelosi zakhe bayovaleleka emgodini ongenamkhawulo iminyaka eyinkulungwane, bengakwazi ukwedukisa muntu (Isamb 20:1-3).

Kwalasha (abyssos, indawo yobumnyama), yincazelo eqondile yesimo somhlaba ngaleso sikhathi. Kungekho bantu emhlabeni, akukho demoni elingalinga. Kuyoba yisikhathi sokucabanga kabusha sezingelosi ezihlubukile, ziboshwe ngamaketane ayisimo, kungekho ndlela yokuwushiya umhlaba ongenalutho.



# ISIKHATHI SENSHUSHISO

"Ngase ngibona izihlalo zobukhosi, bahlala kuzo, banikwa ukwahlulela; […] baphila, babusa kanye noKristu iminyaka eyinkulungwane" (Isambulo 20:4)



Uma ukwahlulela kwenzeka ngaphambi kokubuya kwesibili, futhi noJesu esesikhiphile isigwebo, ukunika labo abakholwa kuye ukuphila okuphakade... kusengokwani ke ukwahlulela okusha na?

Emakhulwini eminyaka, uNkulunkulu ubonise uthando lwakhe wanika bonke abalwamukelayo usindiso. Futhi kuvumele nobubi ukuba buzibonakalise ngokuphelele

Ngesikhathi sokwahlulela, imihlaba yonke kanye nezingelosi ezithembekile zibonile ukulunga kukaNkulunkulu kanye nomusa ngendlela asebenze ngayo ngesono nokuhlubuka. Manje, seziyabona umphumela wangempela wombuso kaSathane: umhlaba ongenalutho.



Kodwa thina esiphile ezweni lesitha ngesikhathi sempi, esesihlengiwe, siyodinga futhi ukubona ukulunga kukaNkulunkulu nomusa wakhe. Eminyakeni eyinkulungwane siyozibonela ngokwethu uthando lukaNkulunkulu, nesono asisayi kuvuka phakade (Nah. 1:9).

# ISIKHATHI SOKUPHILA NOKUFA

"Ngokuba bheka, luyeza usuku, luvutha njengeziko, bonke abaziqhenyayo nabo bonke abenza okubi bayakuba ngamabibi; luyakubashisa lolo suku oluzayo, usho uJehova Sebawoti, lungabashiyeli mpande nagatsha" (Malachi 4:1)

"Kepha kinina enilesabayo igama lami kuyaphuma ilanga lokulunga, linokuphilisa emaphikweni alo; niyakuphuma, nitshekule njengamathole esibaya" (Malachi 4:2)



Ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane, ababi bayovuswa. Bamukela izindlela zikaSathane futhi, kanjalo balwa noNkulunkulu nabangcwele. Akukho mahluko, babhujiswa bonke ngomlilo (Isamb 20:5-9).

Kodwa bengakabhujiswa, kuba nokwahlulela kokugcina. Izincwadi zavulwa, bonke bayazibonela izenzo zabo nokwenqaba kwabo ukubizwa ngothando nguMoya oNgcwele. Bonke bayakwamukela ukulunga kukaNkulunkulu, baguqe phambi kwakhe (Rev. 20:11-13; Is. 45:23; Phil. 2:10).





Abanakho ukuphila phakade (ukuba bajeziswe phakade), bafa "ukufa kwesibili," okungasenakho ukuvuka kwabafileyo (Rev. 20:14-15; Ps. 37:20; Mal. 4:1; Is. 26: 14).

Ukufa nesono sekuphelile. Sekuyisikhathi sokwesula zonke izinyembezi sithokozele ukuphela okuphakade ngenjabulo (Rev. 21:4).

# ISIKHATHI SOKUTHANDA NOKUTHANDWA


"UJehova wabonakala kimi ekude, wathi: Ngikuthandile ngothando oluphakade: ngalokho ngikudonsile ngomusa" (Jeremiya 31:3)

**Siyokwenzani emhlabeni omusha phakade na?**

- Isiphambano sikaKristu siyoba yisifundo nengoma yabahlengiweyo phakade.
- Ngezinhlelo […] zokuthula, ngase […] mithonjeni yamanzi aphilileyo, abantu bakaNkulunkulu […] bayoba nekhaya
- Lapho izihlakaniphi ezingasafi ziyocabanga ngenjabulo engapheli ngezimanga zendalo
- Yonke imikhakha iyovuselelwa, namakhono onke akhushulwe
- Ukufumana ulwazi kungebakhathaze abahlakaniphileyo noma baphelelwe ngamandla
- Izinto ezinkulu ziyakwenziwa, namaphupho amakhulu ayofezekiswa, nokuzimisela okukhulu kuyogcwaliseka.
- Nezinselele ezinkulu ziyonqotshwa, nezimangaliso ezintsha siyozibona, namaqiniso amasha siyowaqonda, nezinhloso ezintsha eziyokhaliphisa ingqondo kanye nomoya, nomphefumulo kanye nomzimba.
- Babelana [kanye nezidalwa ezingawelanga esonweni] amafa olwazi kanye nokuqonda okwafunyanwa eminyakeni eyizinkulungwane yokucabanga ngemisebenzi kaNkulunkulu
- Ngombono osobala, babona inkazimulo yendalo: amalanga nezinkanyezi kanye nezimo, ngendlela ezibekwe ngayo, zizungeze isihlalo sikaNkulunkulu







Extracted from "The Great Controversy", pp. 651, 666, 668, 675, 677, 678)

"Impi enkulu isiphelile. Isono nezoni akusekho. Indalo yonke isihlanzekile. Umuzwa ngamunye wobambiswano nenjabulo uzwakala endalweni yonke. Kuyena owadala konke, kuvela impilo nokukhanya kanye nenjabulo, ezikhathini nasendaweni ezingenasilinganiso. Kusukela kokuncane kakhulu kuye emihlabeni emikhulu kakhulu, zonke izinto, eziphilayo nezingaphiliyo, ngobuhle bazo obuphelele kanye nenjabulo ephelele, zithi uNkulunkulu uluthando"



EGW (The Great Controversy, pg. 678)